DRUM LANGUAGE

BY THEMBISILE MAKGALEMELE





MAIN PICTURE: Mangosuthu Buthelezi receives a special leather-bound edition of the dictionary from Lieze Kotze, managing director of Oxford University Press South Africa. LEFT: The sound of beating drums welcomed guests to the launch party.

we phambilini," esho. "Amanye amagama siwathole enzima ukuwachaza kodwa besiwabhala phansi lapho kugcina khona amakhasi.

"Kwezinye izimo, kunamagama esiZulu abhalwa futhi aphimiswe ngendlela efanayo kodwa anezincazelo ezihlukile, isibonelo icala, okuchaza i 'side' noma 'criminal case'."

U-Fred Pheiffer, ongumhleli ne-project manager ye-Dictionaries Oxford South Africa, uthi ucwaningo lwalesi sichazamazwi luqale eminyakeni emithathu edlule kulokhu kuqoqwa amagama amasha -- ezikoleni, ekuvakasheleni ezindaweni ezisemakhaya Kwazulu-Natal nokuxoxisana nongoti bolimi lesiZulu. Isinyathelo esilandelayo kwaba ngukuletha abahleli, abahumushi nama-lexicographers (abantu abasebenza ukubhala izichazamazwi) futhi sichitha amahora amaningi siphikisana indlela lisetshenziswa ngayo igama lesi-Ngisi elingakaze lihumushelwe esiZulwini nendlela elingakhiwa ngayo. Lo msebenzi uthathe unyaka ukuwuphothula.

"Ngezinye izinsuku besilala amahora amabili!" kusho uNomusa. "Bekunzima ngempela, ikakhulukazi ngoba asihlali esifundazweni esisodwa. Umuntu ngamunye wanikezwa amagama ambalwa ukuba awasebenzise futhi kwaxoxisanwa phakathi kwamalungu eqembu ukuba beze nencazelo."

U-Megan Hall, oyi-publishing manager and team leader, uthi baqale ngokuqoqa amagama esiZulu ayisigidi emaphephandabeni, kumaphephabhuku futhi bebuza othisha kodwa leso sibalo sehliswa saze safika kwayizi-5 000 ukuze kubhalwe lesi sichazamazwi.

"Besinamagama amaningi futhi sawahlaziya sase sibhala lawo magama esiwasebenzisa nsuku zonke. Sizamile ukuzakhela amagama, kodwa kunezikhathi ebesiphoqekile. Isibonelo othisha bebefuna ukuthi sifake amagama akwi-curriculum, kanjalo nezincazelo, into ebingakaze yenziwe phambilini kusichazamazwi esingezilimi ezimbili. Sase sikhetha amatemu avela ezincwadini ezihlukene ku-curriculum njenge-'acid', 'greenhouse effect' ne 'multiply' sacela othisha nabafundi ngomsebenzi abacele ukuthi siwenze."

Lesi sichazamazwi sinenkonyane elinamakhasi angama-30 phakathi nendawo nemibuzo engasiza abafundi ngamanye amagama aku-curriculum, indlela yokubhala i-formal e-mail noma incwadi ngesiZulu, nendlela yokwazi ukufunda i-SMS nesihumusho sesiZulu njengokuchaza ubuso obujabulile nge-SMS noma ubuso obumangele :-O.

NAKUBA kujatshuliwe, kunabagxeki abathi lesi sichazamazwi asikhulisi ulimi lwesiZulu ngoba sihlulekile ukufaka amagama amasha esiZulu asetshenziswa manje.

"Kuyadabukisa ukuthi awafakiwe wonke amagama amasha kulesi sichazamazwi," kusho u-Eric Khathi, ongumhleli weDRUM yesiZulu. "Azikho izihumusho zamagama afana nama 'antibodies', 'paternity test', 'bisexual', 'hermaphrodite' ngisho ne 'stalwart', igama elisetshenziswa nsuku zonke."

UNomusa bazisola kakhulu nabo ngalokhu.

"Lesi sichazamazwi siyahambisana nework-book esetshenziswa ngabafundi, manje yingakho sikhethe amagama azosiza abafundi kunokusiza abantu nje abafuna ukukhulisa ulwazo lwabo lolimi lwesiZulu. Ngithemba ukuthi kuzoba noshicilelo oluzolandela lolu oluzofaka amagama amaningi."

Nakuba ikhona le nkinga, lesi sichazamazwi sizoba lusizo olukhulu.

"Lizosizana nezikhona manje," kusho u-Eric. "Kwenziwe ucwaningo olunzulu futhi bathathe isikhathi sabo bechaza amagama nendlela asetshenziswa ngayo emishweni. Kusichazamazwi esidala, isihumusho sefranchise yilungelo lokuvota, kodwa entsha ithi ifrentshayizi ilayinsense lokusebenzisa igama lebhizinisi." □

thembisile.makgalemele@media24.com

SHARE YOUR VIEWS
Tell us what you think on DRUM's website, Facebook, mobi or Twitter.

HOW DO YOU SAY THAT IN ISIZULU?

ENGLISH	ISIZULU
1 Cellphone/cellular phone	Umakhalekhukhwini
2 Anti-retroviral drugs	Imishanguzo
3 Value-added tax	Intela yentengo

WORD USAGE AND TRANSLATION

1. I need to buy some airtime for my cellphone/ Ngidinga ukuthengela umakhalekhukhwini wami i-airtime .
2. The minister of health should come out into the open about the usage of drugs / Ungqongqoshe weZempilo kufanele aphumele obala ngemishanguzo.
3. A tax that you pay on goods and services / intela oyikhokhela izimpahla nezinkonzo ozikhokhelayo.



GIVEAWAY!

100 lucky readers will each win a copy of the new Oxford Zulu/English school dictionary. To stand a chance of winning, SMS the word ZULU, your name and address plus the answer to this question: How many copies of the dictionary were printed? to 34926 to reach us before 8 November. Each SMS costs R1,50.



MIDUDZI NDZENGE